# INGUYAZANA YOMPHATHI OMKHULU KA MASIPALA



Inguyazana yomphathi omkhulu ka Masipala, **uMnu. Sizwe Khuzwayo**

**Kuyintokozo ukuthola ithuba lokubhala kule ngosi yezindaba zangaphakathi ku Masipala wethu.**

Ngaphezulu kwakho konke, kuyintokozo ukuba nethuba lokuhola abasebenzi abazimisela njengalaba enginikwe ithuba lokusebenza nabo. Ngenxa yokuzimisela kwenu, uMasipala wethu ubukeka udlondlobala ngamandla, lokhu kufakazelwa umuzwa wamalunga omphakathi ezindaweni esizuke sizihambele. Izikhalazo ziyancipha imihla namalanga, kepha esikutholayo imibono kanye nokugxeka ngokwakha komphakathi, okukhombisayo ukuthi umsebenzi uyabonakala kanti namaxhama okuxhumana aqinile kakhulu.

Ngithanda nokubonga kakhulu ukubambisana okungaphakathi kuma-units, nokwenza umsebenzi uqhubeke ngendlela. Ngingabala kube kuningi okuhle okubonakalayo ku Masipala wethu. Okukhulu kunakho konke, ngiyanxusa ukuba siqhubeke nokubambisana kanye nokulwela isithunzi sika Masipala wethu.

Sikhumbule, konke lapho sisuke sikhona ngesikhathi somsebenzi noma ngaphandle kwase msebenzini, siwubuso buka Masipala, uMphakathi uma ubona thina ubona uMasipala.

Ngiyabonga

> **"Ukusebenza kuka Masipala kuse zandleni zethu sonke"**

NEWSLETTER MANDENI NO.1

# INGUYAZANA KA SODOLOBHA KA MASIPALA



Umeya womkhandlu wase mandeni, Ukhansela **Thabani Mdlalose**

**Sanibona!**
**Ngithanda ukubingelela bonke abasebenzi baka Masipala wase Mandeni, ngibonge nethuba lokubhala kulolu shicilelo.**

Ngiza kunina njengekhanda lomkhandlu wamakhansela kanye nomsebenzeli womphakathi wakithi, umphakathi sonke osithembe ngokuthi siwusebenzele ngokuzikhandla nangendlela esheshayo.

Ngicela ukuqala ngokubonga indlela esibambisene ngayo kusukela ngonyaka ka 2021 kuze kube imanje, ngiphinde ngikuveze ukuthi kulesisikhathi sindawonye uMasipala wethu ubukeka udlondlobala futhi unabasebenzi abaziqhenyayo ngokuba ingxenye yawo.

Ukubambisana esinakho nezinyunyana ezimele abasebenzi kanye nabaqondisi nezimenenja zika Masipala ikhona okusibeka ezingeni lokuthi sibe ngabanye bo masipala abahamba phambili esifundazweni sakithi. ngalokhu, Siyabonga kakhulu. Inkosi inibusise.

> **“ukubambisana esinakho nabasabenzi kwenza sibe ngabanye bo Masipala abahamba phambili esifundazweni”**

# KUHLONYISWE AMADODA NGEZIKHALI ZOKUBHEKANA NEMPILO

**UMASIPALA** wase Mandeni usingathe ngempumelelo umcimbi wokuhlomisa amadoda ngolwazi lokubhekana nempilo njengoba bekusongwa inyanga ka July ethathwa njenge nyanga yamadoda.

Kulomcimbi, izikhulumi ezahlukene zithole ithuba lokweluleka amadoda ngokomqondo, usikompilo kanye nokuwakhumbuza ngendima okumele ayidlale ekufukulweni kwezwe lakithi ukuba libe sezingeni eliphezulu.

Lomcimbi, ube impumelelo kakhulu njengoba ukwazile ukunikeza amadoda asebenzela uMasipala wase Mandeni ithuba lokuthi adlane indlebe ewodwa. **Bheka amazwibela alomcimbi ezithombeni ezilandelayo.**













NEWSLETTER MANDENI NO.1

# USHAYELWE IHLOMBE UMNCINTISWANO WOKUFUNDA

Ushayelwa ihlombe nxa zonke uMasipala wase Mandeni ngokusingatha ngempumelelo umncintiswano wokufunda obuqhathe izikole zamabanga aphansi.

Lapha bekugqugquzelwa usiko lokufunda kubafundi abancane kanye nokukhanda ukuzethemba nokuziggaja ngolimi lwabo kanye nezinye izilimi zokuxhumana eNingizimi Afrika.



# SIBONGELE ABATHOLE UQEQESHO


Sihalalisela bonke abasebenzi kanye namakhansela ababe ingxenye ye Occupational Safety and Help training eyabe ibanjelwe e-Ocean Reef.

Amathuba okuzihlomisa ngolwazi ahlale evuleka ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni. Siyathemba lokhu kuzodlala indima enkulu ekuqhubekeni nokusebenza ngokuzimisela.



# USULUBONILE USHINTSHO?

I-Mandeni iyathuthuka imihla namalanga, kusezandleni zethu njengabasebenzi ukuqinisekisa ukuthi ushintsho olufikayo siyalunakekela, ngokwenza njalo sigqugquzela namalunga omphakathi ukuthi anakekele lokho okusuke kulethelwe ukuthuthukisa indawo yakithi. Ukuhlanzeka nokunakekeleka kwe Mandeni, kuqala ngathi.
Bheka ezithombeni ubuhle bendawo ekade yakhiwa ekungeneleni kwama lokishi ase Sundumbili.




# UKWESEKA IMAKETHE YASE MANDENI KUSIZA UMNOTHO

Kusemqoka ukuhlale seseka abalimi kanye nalolonke uhlobo lwamabhizinisi azinze ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni. Lokhu kudlala indima enkulu ekuqinisekiseni ukuthi abantu bakithi bayaqasheka, abanye bayaqasha bephinde bebe nesandla ekufukuleni umnotho wakithi.

**Uthi bewazi?**
UMasipala wase Mandeni ngokubambisana no mnyango wezolimo bahlale besingatha imakethe yezithelo nenyama okuqhamuka kubalimi nabafuyi base Mandeni. Asiyeseke ukuze sizoqhuba usiko lokuzimela kanye nokufukulana sisodwa eMandeni.





# USHIYE UMLANDO OMUHLE UKHANSELA OSANDA KUSHIYA EMSEBENZINI



Executive Committe, **uKhansela MS. MDUNGE**

UMasipala wase Mandeni uchoma uphaphe lwegwalagwala ilunga le Executive Committe, uKhansela MS. MDUNGE osesebenzele umkhandlu ngokuzikhandla iminyaka engu 28.

UKhansela Mdunge usethatha umhlalaphansi, ushiya amakhansela, abasebenzi kanye nomphakathi abesephenduke kuwo umthombo wolwazi kanye nenqolobane yomlando wase Mandeni.

UKhansela Mdunge uqale ukuba ingxenye yomkhandlu wase Mandeni ngonyaka ka 1996.

Kulesisikhathi ube udlawu olulola isizukulwane sabaholi base Mandeni asebashiya izintambo, abakhona njengamanje kanye nabaseza ngemuva.
Ukuzinikela Kwakhe nokuzikhandla bekubonakala ngokuchuma kwawowonke amakomidi ake wathola ithuba lokuba ingxenye yawo.

Njengamanje, u "Mam' Mdunge" nokuyindlela ateketiswa ngayo ubehola ikomidi lezindaba zabasebenzi ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni.

Izikhulumi zosuku, zishiyelane inkundla zihluba udlubu ekhasini ngokusebenza kanye nokwazana no Mam Mdunge ngokomsebenzi wakhe.

Phakathi kwezikhulumi singabala lowo owaba ngu Meya wokuqala ngaphansi kwe nkululeko eMandeni, uSam Zwane, osotswebhu bamaqembu epolitiki ahlukene, amalunga ephalamende kanye no Meya womkhandlu wase Mandeni, uKhansela Thabani Mdlalose.

Enkulumweni yakhe, uMdlalose uveze ukuthi kube yisibusiso ukusebenzisana no Khansela Mdunge njengoba enendlela enobunyonincwi yokukhuluma kanye nokudlulisa imibono yakhe.

"Sisebenze kahle kakhulu no Mam' Mdunge, ubehola ikomidi elinzima kakhulu kodwa bekuhleze kunozinzo kulona nezinqumo ebezithathwa bekuyilezo eziletha uguquko oludingakalayo ngampela. Ukusebenzisana kwethu kube kuhle kakhulu, ubufakazi balokho ukuthi sihlangene lapha singamaqembu ezepolitiki angafani kodwa sonke sivumelana ngento eyodwa, lokho okuyimisebenzi emihle ka Mam' Mdunge" kunaba uMeya.

"Okunye okusemqoka, uMam' Mdunge usebenze ngaphansi kwezimo ezahlukene zezepolitiki ezweni lakithi, lapha singabala isikhathi sobandlululo kanye nesikhathi senkululeko. Ulwazi kanye nesipiliyoni sakhe besimenza ahluke kakhulu kunabanye abaholi. Siyabonga kakhulu ngesikhathi abenaso kanye nathi"

USomlomo womkhandlu wase Mandeni, uKhansela Phindile Sishi kanye no Menenja walo Masipala uMnu. Sizwe Khuzwayo nabo baphefumulile ngokusula kuka Mam Dunge, bavumelana ngazwi linye ukuthi amava alomholi azokhumbuleka.

**Happy Retirement Chiliza, Gasela, Mvemve!!!**







# ISIGCAWU SAMAFILIMU NEZOKUVAKASHA

UMasipala wase Mandeni ngokuhlanganyela nabakwa KZN Tourism and Film Authority bahlanganise ndawonye bonke abane ntshisekelo ngomkhakha wezama filimu ukuba babe ingxenye yesigcawu sokudlulisela ulwazi ngalomkhakha ikakhulukazi ngokusetshenziswa kwezindawo ukuqhakambisa ezokuvakasha.

Lapha. Izikhulumi ezahlukene bezishiyelana inkundla ngenhloso yokuveza ulwazi olungalekelela ababethamele ukuthi bazifukule baphinde benzene kancono ukuqhakambisa ezokuvakasha ngokwezithombe kanye nomsebenzi wamafilimu.

Lokhu kuhlangana kube impumelelo njengoba kuphinde kwanikeza labo abangama klume ithuba lokudlana indlebe nalabo aba mnkantshubomvu kulendima.













> **“WHETHER YOU BELIEVE YOU CAN DO A THING OR NOT, YOU'RE RIGHT”**
>
> **- HENRY FORD -**



# UMYALEZO OVELA KUMPHATHI OMKHULU i-CEO/ PRINCIPAL OFFICER

**Malungu eSikhwama iNJMPF, ngiyanibingelela!**

Ngithanda ukuthatha leli thuba ukudlulisa amazwi okubonga kuwo wonke amalungu athamela umhlangano wolwazi

NJMPF
KwaZulu-Natal Joint Municipal Pension/Provident Funds

waminyakayonke owawubanjelwe eDurban ICC iNkosi Albert Luthuli ICC Complex, 45 Bram Fischer Rd, Durban, 4001 ngoLwesihlanu ziyi-12 kuMbasa 2024 kanye nalabo abahlanganyele nathi ngohlelo lobuchwepheshe be-virtual.

Iqhaza enalibamba emhlanganweni, lenza umhlangano ube yimpumelelo ngendlela eyisimanga. Kulawo malungu angakwazanga ukuba yingxenye yomhlangano ngalolu suku, nalabo abafisa ukuzikhumbuza ngamaphuzu okwakuxoxwa ngawo emhlanganweni, sicela uchofoze ilinki elandelayo ukuze ukwazi ukubuka umhlangano oqoshiwe ngokugcwele https://youtu.be/iu7rh-PegVI?si=IfqlJKwkOLdDTWtk.

Luya ngokuya lusondela usuku lokuqala komthetho we-Two Pot System ozovumela amalungu ezikhwama zempesheni ukuthi akwazi ukufaka izicelo zokuthatha igxenye yemali yawo ayongela umhlala phansi kodwa ebe esaqhubeka nobulungu kulezo zikhwama, njengoba sazi sonke ukuthi usuku oluhlongozwayo lokuqala kokusebenza kwalomthetho umhlaka-1 KuMandulo 2024. Ngithanda ukukhuthaza wonke amalungu ukuba athamele imihlangano yamalungu yesiKhwama, afunde izindaba zakamuva zesiKhwama, bese aqinisekise ukuthi isiKhwama sinemininingwane yawo yokuxhumana yakamuva. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi awaphuthelwa yinoma yiziphi izindaba ezibalulekile ezihlobene ne-Two Pot System kanye nanoma yiziphi ezinye izindaba zemboni.

Khumbula, ngosuku lokuqala kokusebenza kwalomthetho, amalungu azokwazi ukufaka isicelo sokukhipha imali okungenani esuka ku-R2000 ebhodweni lakho lokonga (Savings Pot).

Kuzokhishwa imali ebhodweni elibekiwe (vested Pot) ifakwe ebhodweni lokonga engamaphesenti ayi 10% kodwa ekalelwe ukuthi ingeqi enanini elingu R30 000 lokhu kuzokwenzeka kanye.

Kusukela ngomhlaka-1 kuMandulo 2024, iminikelo yamalungu yanyanga zonke isizohlukaniswa kabili, ingxenye eyodwa kwezintathu yeminikelo (1/3) yamalungu izofakwa ebhodweni lokonga mase kuthi izingxenye ezimbili kwezintathu (2/3) zeminikelo yamalungu izofakwa ebhodweni lomhlalaphansi (Retirement Pot). Amalungu azokwazi ukufaka isicelo sokuthatha izimali ezihlezi ebhodweni lokonga, ibhodwe

lomhlalaphansi lizotholakala kuphela uma usuthatha umhlalaphansi. Ibhodwe elibekiwe lizoqukatha yonke imali yelungu kusukela ngosuku lokujoyina isikhwama kuze kube sekupheleni kuka-Ncwaba 2024.

Uma imali eyimbewu engamaphesenti ayishumi(10%) kodwa ekalelwe ukuthi igcine ku R30 000 isidonsiwe kuleli bhodwe, amalungu angeke akwazi ukufinyelela kuleli bhodwe aze ayeke ukuba yilungu lesiKhwama. Uma ilungu lesula emsebenzini ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi, lizokwazi ukufinyelela kuphela ezimalini ezitholakala ebhodweni elibekiwe kanye nase bhodweni lokonga. Uma ilungu lishona lisasebenza, leyo mali nenzuzo yokushona kwalelo lungu, izobalwa kusethsenziswa imihlomulo nezinzuzo zababhodwe womathathu mase ikhokhelwa izindlalifa zelungu. Abaphathi abakhulu besikhwama okungama-Trustees azosebenzisa iSigaba 37C soMthetho Wezikhwama Zempesheni uma sebehlukanisa izinzuzo phakathi kwabakade bondliwa ilungu kanye nabaqokiwe ukuthi bahlomule. Laba banelungelo lokuthi bangakhetha ukuthola isamba esingukheshi noma bathenge impesheni eyodwa noma ngaphezulu.

Kubalulekile ke ukuthi amalungu aqinisekise ukuthi agcina izindaba zawo zentela zilungile ukuze agweme ukubambezeleka uma esefuna ezinye zezimali zawo ezitholakala ebhodweni lokonga.

# IMALIMBOLEKO YEZINDLU EXHASWE NGOKUBAMBISA NGEMPESHENI

Ephephandabeni lethu eledlule, sike sawazisa amalungu ukuthi ngenxa yezinkinga ezikhona ebhange iThala, okwamanje lelibhange lisamisiwe ukukhipha imali mboleko yezindlu.

Amabhange esisebenzisana nawo okwamanje yi-FNB kanye no-Standard Bank kuphela.

Besilokhu sithola izicelo eziqhamuka kumalungu asebenza komasipala abangenaso isivumelwano sakwa-payroll esisayinwe no-Standard Bank zokuthi isiKhwama silekelele ngokusayinwa kwalezivumelwano. Ngithanda ukwazisa amalungu ukuthi isiKhwama sesizithumele lezi zivumelwano kubo bonke omasipala, uma umasipala wakho ususisayinile isivumelwano - sizothumela imibiko kumalungu akulowo masipala siwazise ukuthi angaqala ukufaka izicelo zemali mboleko. Uma ungenaso siqiniseko sukuthi yiliphi ibhange elinesivumelwano nomasipala wakho, sicela ukuthi ubuze ihhovisi lakho lakwa-HR noma uthinte umnyango wethu wakwa-Client Services.

# QINISEKISA UKUVIKELEKA KWABATHANDEKAYO BAKHO

**YABIWA KANJANI IMALI YOKUSHONA KWELUNGU?**

Umcabango wokushiya obathandayo emhlabeni ungase ube ngumcabanga onzima, ikakhulukazi uma ucabanga ngezindleko zezinto ezibalulekile zokuphila ezikhuphukayo nsuku zonke. Kodwa-ke, ukuthola isiqiniseko sokuthi isabelo sakho sokushona sizokwabelwa abahlomuli bakho abafanele kungakunikeza ukuthula emphefumulweni.

# YAZI ISIKHWAMA SAKHO

### ENGABE NGOBANIABAHLOMULI ABAFANELEKIKE?

Uma ugcwalisa noma ubuyekeza ifomu lakho lokuqoka abazohlomula, kubalulekile ukucabanga ukuthi obani abafanelekile ukuhlomula. Isigaba 37C soMthetho Wezikhwama Zempesheni silawula izinhlinzeko zomthetho zokukhokhwa kwezimali zokushona kwelungu. Inselelo yokunquma ukuthi obani abafanelekile ukuthola imali isemahlombe eBhodi labaphathi abakhulu besikhwama okungama-Trustees.

### UKULEKELELA AMA-TRUSTEES

Ifomu lakho lokuqoka abahlomulayo lisebenza njengomhlahlandlela obalulekile kuma-Trustees, nakuba bengabophezelwa yilona kuphela. NgokoMthetho Wezikhwama Zempesheni, ama-Trustees kufanele aphenye izimo zezimali zangempela zabakade bondliwa futhi benze imizamo yokuthola noma yibaphi abakade bondliwa noma abafanele ukuhlomula abangabhalwanga efomini lokuqoka.

### CABANGA NGOKUCOPHELELA UMA USUQOKA ABAHLOMULI BAKHO

Uma ugcwalisa ifomu lokuqoka abahlomuli bakho, kubalulekile ukucabangela ngokweqiniso uma usinika uhla labo bonke abathembele kuwe ukuze baphile. Ukubhala abahlomuli noma abaqokiwe abaningi, akukhuphuli inani lemali ekhokhwayo; esikhundleni salokho, imali yokushona etholakalayo izohlukaniswa phakathi kwabantu abaningi. Ngokucubungula ngokucophelela abahlomulayo kanye nokugcina uhla lakho lokuqoka lisesimweni sakamuva, ungasiza ama-Trustees enze izinqumo okuyizona futhi uqinisekise ukuthi abantu obathandayo bayahlinzekwa uma kwenzeka wena udlula emhlabeni.

### THATHA IZINYATHELO EZIDINGEKAYO ZOKUVIKELA IKUSASA LOMNDENI WAKHO

Ukubuyekeza ifomu lakho lokuqoka kungalusheshisa kakhulu uphenyo lokuqinisekisa ukuthi izindlalifa namaqokiwe bakho babaliwe ohlwini Labantu ekufanle bahlomule uma sekukhokhwwa imali yakho yokushona, kuphinde kuqinisekise ukuthi Bkhokhelwa ngokushesha imali yokushona. Nakuba izicelo eziningi zicutshungulwa ngokushesha, ezinye izicelo ezijulile zingase zithathe isikhathi esingaphezu kwezinyanga eziyi-12 ukuze ziphothulwe.

### UKUBALULEKA KOKUBA NENCWADI YEFA EGUNYAZAYO ESEMTHETHWENI

Nakuba incwadi yakho yefa ingalawuli ukuthi imali yakhoyakho yokushona esesikhwameni izokhokhwa kanjani noma kubani, lencwadi ilekelela iphinde inikeze amaTrustee umhlahlandlela obalulekile mayelana nezinye izimpahla zakho. Lencwadi iqinisekisa ukuthi izimpahla zakho zabiwa ngokuvumelana nezifiso zakho ezithile. Uma ungenayo incwa egunyazayo yokucaza ifa lakho, , uMthetho wokulandelana i- Intestate Succession Act ka-1987 iwona olawula ukuhlukaniswa kwempahla yakho, okungenzeka kungahambisani nezinhloso zakho zangempela.

### UKUZIPHILISA KWAMANJE

Uma kungase kwenzeke inkinga udlule emhlabeni, umndeni wakho (umlingani wakho womshado noma izingane zakho) kungase kufaneleke ukuthi bafake isicelo semali yokushona esikhwameni somshwayilense wokungasebenzi (i-UIF). Le mali yakwa-UIF engakhokhelwa intela inganikeza ukwesekeka ngokwezimali okubalulekile kobathandayo ngesikhathi besalinde ukuthi ukhokhelwe imali yakho yokushona yase-NJMPF noma eminye imishwayilense yakho obunayo.

### IZINYATHELO OZITHATHAYO UMA UZOKUFAKA ISICELO SEMALI YOKUSHONA YE-UIF

Qinisekisa ukuthi ilungu lomndeni wakho eliqokiwe (imvamisa oshade naye) lithintana nomnyango wakho wakwa-HR ukuze licele imininingwane edingekayo njenge:

- **UI-19 ngezicelo eziphathelene nomlingani womshado noma,**

- **UF-127 ngezicelo ezibandakanya izingane ezincane.**

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi isicelo sokushona se-UIF kufanele sithunyelwe zingakapheli izinyanga eziyisithupha ushonile. Umndeni wakho ungalucela usizo esikhungweni sabasebenzi i- Labour Centre mayelana nefomu lesicelo esithile okufanele baligcwalise. Khumbula, uma unemibuzo noma udinga usizo mayelana nezimali zesikhwama sakho, ungaxhumana nomnyango wethu wakwa-Client Services ku-0861 065 673 noma ku- info@njmpf.co.za

Ngokuthatha lezi zinyathelo futhi unikeze ulwazi oludingekayo kwabathandekayo bakho, ungasiza ekuqinisekiseni ukuphepha kwabo ngokwezezimali ngesikhathi esiyinselele.

# WARNING! SCAM ALERT

## QAPHELA AMAQOLA AZENZA ABASEBENZI BOMKHANDLU

UMasipala wase Mandeni usuthole ulwazi ngamaqola azenza abasebenzi bomkhandlu ngokufonela amalunga omphakathi bawathembise ukubasulela izikweletu zama-rates.

Lokhu kungamanga, akekho umsebenzi ka Masipala ongakufonela afune ukukusulela izikweletu zama rates, izinhlelo zokwaphulelwa kanye nokukhokhelwa kwama rates zenziwa ngqo emahhovisi ka Masipala.

Siyacela labo abashayelwa izincingo zaloluhlobo babike ngokushesha ukuze izelelesi zizotholakala.



**Thabani Mdlalose**
The Mayor

# NGABE UYABAZI ABAQONDISI KANYE NEMINYANGO YABO?

Kulengosi, sifisa ukunazisa ngabaqondisi ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni kanye neminyango abayengamele. Bheka izithombe kanye neminyango yabo ngezansi



**MUNICIPAL MANAGER**
Mr Sizwe Khuzwayo



**CFO**
Ms. M. Guzana



**DIRECTOR EDPHS**
Mr. D. Mbongwa



**DIRECTOR TECHNICAL SERVICES**
Mr. S. Dlamini



**DIRECTOR COPORATE SERVICES**
Mr. V. Zulu



**DIRECTOR COMMUNITY SERVICES**
Ms. B. Sithole

# HAPPY BIRTH DAY BASEBENZI !!!

Ngabe igama lakho liyavela kulabo abazalwa nge Nyanga ka August? Sithi nje Happy Birthday, uThixo akugcine uphilile akuphe namandla okufezekisa onke amaphupho akho!!!

## IZINGANE ZIKA AUGUST, HELLO AUGUST BABIES!!!

SITHOLE SB | NDULI LD | MADIKANE M | XABA LB | MHLONGO DP | MHLANZI PLP | NZUZA TP | MKHIZE BJ | MATHONSI RN | MTSHALI SSG | MADIKIZELA NM | MBUYISA MS | MATHONSI NC | MDLETSHE SS | KAMAIH P | GWALA AM | VILAKAZI NLI | MTHEMBU S | NGWENYA SS | GUMEDE SP | NGEMA ML | HLOPHE JT

| SUBJECT MEMBERS | POLICY WORKSHOP FOR MUNICIPAL STAFF |
|---|---|

**THE ABOVE MATTER BEARS REFERENCE.**

Please be advised that a workshop has been arranged for all municipal staff members on municipal policies. The workshop will cover Human Resources, Communications, and ICT policies.

**The training has been arranged to take place in two sessions as follows:**

**Date:** 19 August 2024
**Venue:** Isibusisiwe Hall

| | DEPARTMENTS |
|---|---|
| SESSION 1: 08H30 | • Office of the Municipal Manager<br>• Corporate Services<br>• Economic Development, Planning & Human Settlements<br>• Budget & Treasury Office |
| SESSION 2: 12H30 | • Technical Services<br>• Community Services & Public Safety |

**It is requested that all staff members attend this workshop.**